



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE
ENKONZWENI YESIKHUMBUZO EGREYTOWN MHLAKA 27 SEPTEMBER
2007**

Ngiyanibingelela nonke

- Usuku lwanamhlanje lungolubuhlungu kakhulu emphakathini waseKranskop, emphakathini walesi funda saseMnambithi nasemphakathini waKwaZulu-Natal wonkana. Kuwusuku olubuhlungu ikakhulukazi emindenini, ezihlotsheni nakubangani balabo esihlangene ngabo lapha namhlanje.
- Kuyiqiniso kona ukuthi izingozi ziqhamuka kungazelele muntu. Yingakho mhlambe izehlakalo okuthiwa yizingozi sivele sizibize ngezinhlekelele. Nokho-ke, okwenzeke kule ndawo ngoMsombuluko ntambama akuyona ingozi. Okusempeleni bekuyinto engagwemeka.

- Ngithole umyalezo wokuthi sekwehle ingozi yabulala abantu abangu-8 kule ndawo. Lowo myalezo ufike ngemuva kwemizuzu embalwa nje ngiqeda kuxoxa nezingane zesikole eThekwini ebezibambe iqhaza kolunye lwezinhlelo zethu zokuphepha emgwaqeni.
- Bengizwakalisa ukukhathazeka kwami kulezo zingane ngendlela abantu abancane abaziphatha ngayo emigwaqeni nasemphakathini nje jikelele. Bengisanda kuthuswa izindaba zokushona kwezingane ezintathu eNewlands ngaseThekwini engozini yemoto ebishayelwa umfana ongenazo nezincwadi zokushayela oneminyaka engu-16 ubudala.
- Inselelo esibhekene nayo ngukuthi phezu kokuzibophezela kwethu ngokuqinisekisa ukuphepha kwabantu bakithi, sisaqhubeka nokulahlekelwa ngabantu emigwaqeni yethu.
- Nokho-ke, akufani nobhubhane lwengculazi lapha, ngikholwa ngukuthi sinalo ikhambi lalokhu. Indaba enkulu nje ngukuthi sizimisele yini ukugwema lezi zingozi eziqhubekayo nokusibhuqabhuqa.
- Njengesizwe sibonakala singazihluphi kakhulu ngokucabanga ngezingozi esibhekana nazo emgwaqeni. Njengoba kunabantu abaningi abazibandakanya nocansi oluphephile, kubonakala kunabantu abaningi abangakaboni ukuthi ukungaziphathi kahle emgwaqeni nako kuyigciwane elizogcina ngokubabhuqa.

- Ngeshwa, sizithola sifunda imikhuba emibi yokushayela sibonela kubazali bethu, kubafowethu, kodadewethu, ezihlotsheni nakosaziwayo esibathandayo ngasemakithi. Kukhona ngisho nabantu esibadumisayo ngalokuziphatha kabi emgwaqeni.
- Yikangaki nje sizwa abantu beqhosha ngejubane abahamba ngalo phakathi kweGoli neTheku? Yikangaki nje sibona abantu betatazela befasa amabhande ngoba bebona imvimbamzila noma amaphoyisa ngaphambili? Yikangaki nje sizibonela ngokwethu umshayeli ephula umthetho womgwaqo kodwa singasho lutho?
- Ijubane, ukushayela uphuzile, ukukhathala, ukusika okungaphephile, ukungahloniphi izimpawu zomgwaqo, ubudedengu, ukuwela umgwaqo kungaphephile, ukungashiya ibanga elanele lokulandelana, ukuphuza uhambe ngezinyawo emgwaqeni, ukunganakekelwa kahle kwemoto nokunye kungezinye zezimbangela zezingozi.
- Ukulahleka komphefumulo owodwa nje kuyinto ebuhlungu, ayisaphathwa eyokulahleka kwemiphefumulo engu-9 nokulimala kwabantu abane. Kuba yinhlekelele emindenini; nakubangani nemiphakathi yalabo abashonile nabalimele.

- Yingakho sithanda ukududuza imindeni yalaba abalandelayo :

1. Sikesakhe Sithole – umshayeli (33) owesilisa
2. Basolile Sithole (54) owesifazane
3. Mbambeni Sangweni (55) owesilisa
4. Thembinkosi Sangweni (38) owesilisa
5. Kholwayini Sangweni (41) owesifazane
6. Nsukumbili Sangweni (73) owesilisa
7. Siyabonga Nene (37) owesilisa
8. Zanele Dlamini (37) owesifazane
9. Vangeli Dlamini (3) ingane kaZanele

- Noma singawabeka amazwi enduduzo, ubuhlungu le mindeni nathi sonke esilapha esibuzwayo abusoze bashabalala kalula. Okusisalele thina manje ngukuthi senze okuthile okuzosiza ezintweni ezinjengalezi.

- Njengabashayeli kumele siqaphele ikakhulukazi uma siphethe eminye imiphefumulo yabantu. Njengabagibeli kumele sihlale siqwashile ukuthi sihamba ngokuphepha nangokusemthethweni, singazifaki ezimweni eziholela ekuhlukumezekeni. Uma sihamba ngezinyawo, kudingeka siqinisekise ukuthi sihamba ngendlela engerabo ubungozi.

Ngiyabonga.